

OKWENZEKA ZONKE IZINSUKU

UMsombuluko 06 MAY 2019:

R1 Ac 68-15; Ps 118, 23-24. 26-27. 29-30. Go Jn 6, 22-29.

06h30: 07h00 : Morning Prayer

OLwesibili 07 MAY 2019:

R1 Ac 8, 1b-8; Ps 65, 1-3a. 4-5. 6-7a. Go Jn 6, 35-40.

06h30: Mass 07h00 : Morning Prayer; 10h00: Mass

17h30: CHARISMATIC GROUP

OLwesithathu 08 MAY 2019 :

R1 Ac 5, 17-26; Ps 33, 2-3. 4-5. 6-7. 8-9. Go Jn 3,16-21.

08h00: Mass PUBLIC HOLIDAY

OLwesine 09 MAY 2019:

R1 Ac 8, 26-40; Ps 65, 8-9. 16-17.20 Go Jn 6, 44-51.

06h30: Mass 07h00: Morning Prayer

OLwesihlanu 10 MAY 2019:

R1 1 Cor 9, 1-20; Ps 116, 1.2. Go Jn 6, 52-59.

06h30: Mass 07h00 : Morning Prayer; 10h00: Mass

ADORATION ALL NIGHT

UMgqibelo 11 MAY 2019:

R1 Ac 9, 31-42; Ps 115, 12-13.14-15.16-17.

Go Jn 6, 60-69.

07h00: Mass; 11h00—12h30 & 16h30—17h00: Confession; 17h30: Mass

ISonto 12 MAY 2019: ISONTO LESI-4 LEPHASIKA-C

07h45: Mass (English) 10h00: Mass (Bilingual) 13h00: (IsiZulu)

IZIMEMEZELO

- 1. UMNIKELO WESIBILI:** Owokulungiswa kwepherishi - Sicela niphane. Umsebenzi wokulungisa eKhathe-drali uyama kanti futhi uyabiza, ngalokho-ke sidinga ukuqhubeka nokwengeza imali yokukhokhela izindleko zokulungisa.
- 2. UKUZINIKELA KWIPHERISHI YETHU:** Umphathi kanye nomKhandlu woKwalusa iBandla uyanicela nonke ukuba nizinikele ukuza kanye nokuzibandakanya kukho konke okweBandla kulonyaka ka 2019. Singumndeni kaNkulunkulu, sikhuleka, sidumisa futhi sidlale ndawonye. Asiqinisekise ukwed-lulisela ubuntu ndawonye—"Ubuntu bokusiza umphakathi". Singaqala isiqubulo sethu esilula kodwa esizwakalayo esithi: "Ngizoba khona, iba khona nawe".
- 3. PARISH CENSUS-2019:** Wonke amakholwa eneminyaka eyi-18 nangaphezulu ayacelwa ukuba agcwalise amafomu aluhlaza sasibhakabhaka etafuleni loMkhandlu. Lona umyalelo ovela kisifunda-Bhishobhi-baqoqa imininingwane yohlelo olusha lwamaPherishi-I Dyolinc. Sicelwa ukuba sibambisane.
- 4. AMAZWI OKUBONGA:** Siyibadla sithanda ukudlulisa ukubonga okukhulu ngokoxaso lweminikelo yesidlo seNkosi esandulela iphasika ngomhlaka 17 April. Sibonga kakhulu ngeminikelo ehlukehlukehene, nangokuthenga amathikithi nokuhlanganyela kanye nathi. Sengathi uMoya wobumbano ungaqubekela phambili. Imali etholakele ngalolusuku sizowumemezela maduze.
- 5. UMPHATHI OMUSHA:** Sekuzoba nguMfundisi u Sabelo Mkhize esizwa ngu Mfundisi u Denardo Gnanapragas. Kepha bazoqala ngomhlaka 01 Agasti 2019 ngoba u Mfundisi Sabelo uzobe esaseRome isikhashana esiyizinyanga ezintathu, kuthi u Mfundisi Denardo uzobe esaye kofunda isiZulu. Abazo-bamba isikhashana emuva kokuhamba kuka Fata uNkosinathi Ngcobo uma kuphela uMeyi kuzoba nguFata Simon Sibonakaliso Sibisi (ozobamba izinyanga ezimbili, ekaJune no July).

IZIMEMEZELO

- 6. IMISA LOMGCWABO KABABA UBRIAN REED:** Uzoba ngoMsombuluko ngomhlaka 6 May e-St Joseph eMorningside ngo 10h00.
- 7. USIHLALO OMUSHA WEKOMIDI LEZEZIMALI:** Sekungu Dokotela Sadiki Kabala (**073 453 6903**), sidlulisa amazwi okubonga kuMnumzane Bukelani Mbhele obengusihlalo, ngokuzinikela kwakhe ekusebenzeleni iKhathe-drali.
- 8. PARISH CENSUS-2019:** Wonke amakholwa eneminyaka eyi-18 nangaphezulu ayacelwa ukuba agcwalise amafomu aluhlaza sasibhakabhaka etafuleni loMkhandlu. Lona umyalelo ovela kisifunda-Bhishobhi-baqoqa imininingwane yohlelo olusha lwamaPherishi-I Dyolinc. Sicelwa ukuba sibambi-sane.
- 9. AMAFOMU EMANDETHI AMAKHOLWA AKHOKHA NGEBHANGE (DEBIT ORDER MANDATE FORMS):** Amakholwa akhokha iSondlo seBandla ngohlelo lwasebhange ayacelwa ukuba agcwalise amafomu eMandethi afunwa yibhange ngokushesha. Amafomu ayatholakala etafuleni loMkhandlu woKwalusa emva kwawo wonke amaMisa, nasehhovisi yepherishi ngezikhathi zokusebenza. **NB:** Lokhu kubandakanya bonke abakhokha ngohlelo lwasebhange (Debit Order), noma ngabe usebenzisa liphi ibhange. Siyabonga.
- 10. INOMBOLO YEPHERISHI YE-PREMICELL:** Sicela nazi ukuthi ipremicell nambha isitshele ku **0870045148**.
- 11. UMHLANGANO WEZIGUNGU:** Uzoba ngomhlaka 11 May ngo 14h00 e-DHC. Abaholi mabaphathe imibiko yamaqembu abo.
- 12. IMISA LENHLANGANO YABAHLENGIKAZI BAMAKHATHOLIKA:** Lizoba ngomhlaka 18 May ngo 08h00. Kumenywa bonke abasebenzi bezempilo (abasasebenza nasebathatha umhlalaphansi) kanye namakholwa kulomgubho weMisa. Ngemininingwane ningashayela uNomusa Mkhize ku— **081 429 3189**.
- 13. UMBHABHADISO WABANTWANA 0-5:** Amakilasi azoqala ngalezinsuku ezilandelayo; IsiZulu - 11 & 18 May ngo 9h00-10h00. IsiNgisi - 8 & 15 May . Umgubho ungoMgqibelo zingu 25 May ngo 08h00. Sicela nazi ukuthi amakilasi esiNgisi azoqala ngo 18h00 - 19h00 e-DHC. Amafomu ayatholakala etafuleni loMkhandlu wokwalusa nasehhovisi ngezikhathi zomsebenzi
- 14. IQEMBU LE-CHARISMATIC:** Simema wonke amakholwa ngokuphiliswa ngokomoya ezokuba njalo ngoLwesibili isikhathi u 17h00-19h00 ntabhama.
- 15. USUKU LWEGALOFU LIKA-MHLEKAZI:** Ngolwesihlanu 24 May e Durban Country club. Amafomu okujoyina ayatholakala etafuleni loMkhandlu wokwalusa. Sicela nibheke ebhodini lezimemezelelo ngeminye imininingwane.
- 16. UMHLANGANO WOMNTWANA UJESU:** Abazali abangathanda abantwana babo esebaBhabhadiswa kusukela ku (0-12 weminyaka) ukuba bajoyine bayacelwa baxumane no Ms. Balungile Mkhize ku **0728273893**.
- 17. UKULETHWA KWEZIPHO:** Sicela imindeni izinikele ngesikhathi sokulethwa kwezipho ngamaSonto. Abasiza emaMiseni (Ushers) bazocela amavolontiya, sicela nihlanganyele.
- 18. IBHOKISI LEZINTO EZITHOLAKELE:** Uma kukhona okukhohliwe noma okukulahlekele ngesikhathi useMiseni uyacelwa ukuba uye etafuleni loMkhandlu woKwalusa.
- 19. INDAWO YOKUPAKA:** Ngamasonto kuwona wonke amaMisa ikhona indawo yokupaka emgwaqeni i-DHC. Siyacela nilalele onogada.
- 20. SOUTHERN CROSS: ISSUE OF 01-07 May, 2019**
 - 1.Catholic marathon legend wins with rosary
 - 2.Good reasons to vote on May 8
 - 3.Rare breed: Four saintly politicians
 - 4.School massacre survivor became a nun
 - 5.How sermons could be better

THIS WEEK'S EDITORIAL: A Question of Survival

UMZINDLO

Kungani Izinsuku ezingamashumi amane zibizwe ngeNkathi yokuHlawula?

Zibizwa ngeNkathi yokuHlawula ngoba lelo igama lesiNgisi elidala lentwasahlobo, okuyinkathi yonyaka lapho iqala khona. Lokhu kuyinto ehlukele eSingisini. Cishe zonke ezinye izilimi igama layo lisuselwe egameni lesiLathini i*Quadragesima*, noma izinsuku ezingamashumi amane.”

ISONTO LESI 4 LEPHASIKA– YEAR C

Isifundo sokuqala: (R Izenzo 13: 14, 43-52) **Bhekani sesiya kwabezizwe .**

Isiphendulo: (Hl. 99) *Singabantu beNkosi, izimvu zomhlambi wayo.”*

Isifundo sesibili: (R2 Isambulo 7: 9, 14b –17) *IMvana iyakubalusa, ibayise emithonjeni yamanzi okuphila.”*

VANGELI: (Jn 10: 27-30) *Ngiyazipha izimvu zami ukuphila kwaphakade.*

UKUKHULEKELA ABAGULAYO

Clementine Pakkies, Bongani Dlanzi, Francisca Mzizi, Iris Dlamini, Patricia Myeni, Hloniphile Cele, Sylvia Mvuyane Mpungose, Michael Francis,cecilia-antonette Chetty, Roderyk Morrison. Sicela sikhulekele abagulayo. Sineqembhu elinakekela abagulayo kanye nabadala noma ngabe basemakhaya noma ezibhedlela. Uma ufisa ukwazi kabanzi ngaloluhlelo ungaxhumana no Mama uThabile Cele kulezizinzombholo zocingo: **082 781 0886** noma **031 2617848** Nomake uqonde ngqo emahhovisi epherishi uyoziyibika. Noma ushayele amahhovisi ethu kulolucingo **031 306 3595**. Ukuze ogulayo noma umuntu osemdala angene kuloluhlelo ungaletsha (1) igama nesibongo sakhe (2) ikheli lapho ehlala khona (3) inombholo yocingo (4) bese nawe uzisho ukuthi ungubani nokuthi wena utholalalaph i.

IZINOMBOLO EZIBALULEKILE

ORGANIZATION	CONTACT PERSON	CONTACT
1. DHC Manager	Jean-Marie Ntamubano	072 549 0338
2. Nkosinathi Project	Sr Cathy Murugan HF	083 956 3726
3. SVDP	Nompumelelo Thungo	031 306 3595
4. Refugee Pastoral Care	Hupenyu Makusha	074 173 2201
5. Baptism (0–5 Years)	Lionel McDonald	072 387 8270
6. Catechism	Thandeka Nkosi	0761961923
7. Confirmation	Iris Niemack	073 646 7629
8. RCIA	Iris Niemack	073 646 7629



EMMANUEL CATHEDRAL

Cathedral Road, Durban, 4001, RSA, Tel : (031) 3063595/6 Fax: (031) 3068683

CELL NUMBER: 087 004 5148

Facebook Page: 'Emmanuel Cathedral'

ISITATIMENDE SOMBONO KANYE NOBIZO LWETHU

Umphakathi kaNkulunkulu osiza abantu.

Umphakathi owamukelanayo ogxile ezwini likaNkulunkulu.

Sithokozele ukwahlukahlukana kwethu njengomndeni kaNkulunkulu ophuphumayo ngokomoya.

Sizinikele ekuthandeni uNkulunkulu kanye nomakhelwane wethu.

UMPATHI: UBABA NKOSINATHI NGCOBO
ISEKELA LOMPHATHI: UBABA PHUMLANI
MAKHAYE

USIHLALO WOMKHANDLU: UMNU. ALFRED
MSOMI

ISEKELA LIKASIHLALO : UNKKZ. HELEN MCHUNU

USIHLALO WEZEZIMALI: UMNU. SADIKI KABALA

04 NHLABA 2019

ISONTO LESI-3 LEPHASIKA – C

Isifundo sokuqala:

Izenzo 5: 27b-32, 40b-41

“ Thina singofakazi balezizinto, kanjalo noMoya Ocwebileyo. ”

ISIPHENDULO:

H1. 29

Ngiyokubonga iNkosi, ngoba ungihlengile.

1. Ngiyokudumisa, Nkosi, ngoba ungisindisile, awuvumanga ukuba izitha zami zijabule ngami. Nkosi, wawukhipha umphefumulo wami ekufeni, wangiphilisa wangikhipha kulabo asebehlela egodini. **R**
2. Yihubeleni iNkosi, nina bantu bayo, nibonge igama layo eliyingcwele. Noma ithukuthela, kub' umzuzwana nje, kepha umusa wayo ungangeminyaka yomuntu, ekuseni sekuyesaswa. **R**
3. Ake ungizwe, Nkosi, ungihawukele, O Nkosi, yiba umsizi wami. Nangempela ungiququlele ukulila kwami kwaba ukusina. Nkosi, Nkulunkulu wami, ngiyokubabaza kuze kube phakade. **R**

Ngiyokubonga iNkosi, ngoba ungihlengile.

Isifundo sesibili:

Isambulo 5: 11-14

“IMvana eyahlathsha ifanele ukwamukela amandla nomcebo . ”

Alleluya

Alleluya, alleluia. UKristo uvukile kwabafileyo, akasenakufa. Ukufa akaumandla phezu kwakhe.

Alleluya

IVANGELI:

Jn. 21: 1 - 19 noma nje 1 - 14

“UJesu waondela wathatha isinkwa wabanika sona, kanjaloke nenhlanzi.”

